



Read in your language!

We all have at least one language that we understand and communicate best in, although some of us may have more! People use different labels for this language – like “mother tongue” or “mother language” or “home language” – but it is the language we learnt first. It’s the language we think and feel in, the one in which it is easiest for us to express ourselves and communicate with others.

From birth, children hear language around them. First they understand it and then they start to use it themselves. In fact, by the time they are five years old, children’s brilliant young brains have helped them learn how to think and communicate in their home language. But they do still need plenty of opportunities to hear and use their language so that they know it well enough to learn increasingly difficult concepts and skills.

Being read to in your own language should not be considered a nice optional extra for children. It is really an essential and powerful part of learning language and developing literacy. When you read to children regularly in their home language/s, you give them a strong language foundation that makes all learning easier.

If you don’t understand what you are reading, then you are not really reading – no matter how well you can say the words on the page! So, because understanding is at the heart of reading, children need to listen to stories being read in their home language. They can then concentrate completely on the flow of the story instead of struggling to understand a language they don’t know well yet.

Good stories are full of creative language that stimulates our imaginations and gets us thinking about how to solve problems. Authors carefully pick words and phrases that unlock the worlds they are creating for their readers. Like a hearty soup provides goodness to nourish our bodies, reading great stories provides goodness to nourish our minds. They inspire children to read in their home language and then, later on, to learn to read stories in other languages too.

Funda ngolimi lwakho!

Sonke sinalo okungenani ulimi olulodwa esilugqondayo nesixhumana kangcono ngalo, noma abanye bethu kungenzeka babe nezingaphezulu kwalokho! Abantu basebenzisa amagama ahlukene ababiza ngawo lolu limi – afana nalawa “ulimi lwebele” noma “ulimi lwasekhaya” noma “ulimi lukamama” – kodwa ulimi esilufunda kuqala. Ulimi esicabanga nesizwa imizwa ngalo, lolu okulula ukuthi sizwakalise indlela esizizwa ngayo ngalo futhi nesikwazi nokuxhumana nabanye ngalo.

Kusukela ngesikhathi sokuzalwa, izingane zizwa lolu limi kuyo yonke indawo ezizungezile. Ziqala ngokulugqonda bese ziqala ukulusebenzisa nazo. Empeleni, ngesikhathi sezineminyaka emihlanu, imiqondo esemincane ekhaliphile yezingane isuke seyizisize ukuthi zifunde ukuthi zingacabanga kanjani nokuthi zingaxhumana kanjani ngolimi lwazo lwasekhaya. Nokho zisadinga amathuba amaningi okuzwa nokusebenzisa ulimi lwazo ukuze zilwazi ngokwanele ukuthi zingafunda imiqondo kanye namakhono anzima.

Ukufundelwa ngolimi lwakho akumele kube yinto eyengeziwe nje okungakhethwa phakathi kwayo nanye ngokuphathelele nezingane. Kuyingxenywe ebalulekile nenamandla kakhulu yokufunda nokuthuthukisa ukwazi ukufunda nokubhala. Uma uhlala ufundela izingane ngolimi/ngezilimi zazo zasekhaya, uzinikeza isisekelo solimi esiqinile esizokwenza ukuthi kube lula konke ukufunda.

Uma ungakuqondi lokho okufundayo, empeleni nje awufundi – noma ngabe ungawasho kahle kanjani amagama asekhadini! Ngakho, ngoba ukuqonda kusemangweni wokufunda, izingane kumele zilalele izindaba ezizifundelwa ngolimi lwazo lwasekhaya. Zingakwazi ukulalela ngokuphelele bese zihambisana nendaba kunokuthi zizame ukuqonda ulimi ezingakalwazi.

Izindaba ezinhle zigcwele ulimi oluveza ubuciko, olukhuthazayo ukuze sizakhele izithombe zokusemqondweni, futhi zisenza sicabange ngokuthi singazisombulula kanjani izinkinga. Ababhali bakhetha ngobuciko amagama namabinzana avo avula umhlaba abawakhela abafundi babo. Ngendlela efanayo isobho eligcwele zonke izakhamzimba elihlinzeka ngayo konke okufanele, nelondla ngayo imizimba yethu, ukufunda izindaba ezinhle kusihlinzeka ngokuhle okuzokondla imiqondo yethu. Zikhuthaza izingane ukuthi zifunde ngolimi lwazo lwasekhaya bese, ekuhambeni kwesikhathi, zifunde ukufunda izindaba ngezinye izilimi futhi.



Drive your
imagination



IT STARTS WITH
A STORY.
KUQALA
NGENDABA
EXOXWAYO.

Bungaza izilimi zethu!

Ke rata mainane ka puo ya gaetsho!

Ke rata dipale tse leng ka dipuo tsa ka!

Ke rata dikanegelo tša polelo ya ka!

Ndiyawathanda amabali abhalwe ngolwimi lwam!

NGIYAZITHANDA IZINDABA NGOLIMI LWAMI!

Ngiyazithanda iindafana ezingelimi lesikhethu!

Ngitsandza tindzaba leticocwa ngelulwimi lwami!

Ndzi rhandza mitsheketo hi ririmi ra mina!

Ndi funa zwiṭori zwo nwaliwaho!

Ek hou van stories in my taal!

I love stories in my language!



Celebrate our languages!

Setswana Sesotho Sepedi IsiXhosa IsiZulu IsiNdebele Siswati Xitsonga Tshivenda Afrikaans English

Contact us in any of these ways:

Sithinte noma kungeyiphi yalezi zindlela:

www.nalibali.org

www.nalibali.mobi

[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

info@nalibali.org

Nalibali

Choosing books



Which books get children begging for more? Younger readers often choose a book because they like the illustration on the front cover! More experienced readers might choose a book that is on their favourite subject or by their favourite author. So, how do you choose books for children? Here are some ideas.

Ukukhetha izincwadi

Yiziphi izincwadi ezishiya izingane zisafuna ukufunda okunye? Abafundi abasebancane baye bakhethe incwadi ngoba bethanda umdwebo osekhaveni engaphambili yencwadi! Abafundi asebe nolwazi kungenzeka ukuthi bakhethe incwadi ekhuluma ngesihloko abasithandayo noma ebhalwe ngumbhali abamthandayo. Ngabe wena uzikhetha kanjani izincwadi zezingane? Nanka amanye amasu.

- ★ Ask around! Check with your children's friends what they have enjoyed reading or ask other parents what their children are reading at the moment. Get to know your local librarians and ask them which authors children of a particular age usually enjoy.



- ★ Buza kwabanye! Buza abangani bezingane zakho ukuthi yini abathokozele ukuyifunda noma ubuze abanye abazali ukuthi izingane zabo zifundani njengamanje. Yazi abasebenzi basemtatsheni wezincwadi wangakini bese ubabuza ukuthi ziywayele ukuthokozela izincwadi zabaphi ababhali izingane ezineminyaka ethile.

- ★ Books for babies and pre-schoolers should be in their home language, where possible. Try translating books that have very few words yourself if they have not been published in the language you need. Also, look out for home language books for older children – nothing beats reading a story in your own language!



- ★ Izincwadi zabantwana abasagonwa kanye nezingane esezilungele ukungena esikoleni kumele zibe ngolimi lwazo lwasekhaya uma lokho kungenzeka. Zama ngokwakho ukhumusha izincwadi ezinamagama ambalwa ezingashicilelwanga ngolimi oludingayo. Zama futhi nokubheka izincwadi zolimi lwasekhaya zezingane ezindadlana – ayikho into edlula ukufunda indaba ngolimi lwakho!

- ★ Babies like brightly coloured pictures, or photographs of objects or people with simple text. They also love the rhythms of language, so books with repetition and rhyme usually work well.



- ★ Abantwana abancane bathanda izithombe ezinemibala egqamile, noma amafoto ezinto noma abantu okunombhalo olula nje. Bayasithanda futhi isigqi solimi, ngakho izincwadi ezinokuphindaphinda okuthile nemvumelwano zivamise ukuthandeka.



- ★ Wordless books are a great investment because you get the chance to tell a story to your children in your own way in any language you like – and then they can create their own stories with the books too.



- ★ Izincwadi ezingenamagama ziyinto eyigugu ongayithenga ngoba uba nethuba lokuxoxela izingane zakho indaba ngendlela yakho nanganoma iluphi ulimi oluthandayo – futhi nazo izingane zingazenzela ezazo izindaba ngezincwadi lezo.

- ★ They say that variety is the spice of life. This is true with books too. Choose some books that reflect things that will be familiar to your children – for example, books in which the homes look like your children's. And choose other books that provide new experiences, like stories set in different places and cultures.

- ★ Bathi ukuba nezinto eziningi ezahlukene kwenza ibe mnandi impilo. Lokhu kuyiqiniso nasezincwadini futhi. Khetha izincwadi ezikhombisa izinto ezithile ezejwayelwe yizingane zakho – isibonelo, izincwadi ezinezindlu ezifana namakhaya azo. Bese ukhetha ezinye izincwadi ezihlinzeka ngezinto ezintsha ezifana nezindaba ezenzeka ezindaweni kanye nakumasiko ahlukene.

- ★ When children can already read, it's best to choose some books that they can read on their own and some books (with more complicated language and plots) that you can read to them.



- ★ Ezinganeni esezikwazi ukufunda kuhle ukukhetha izincwadi ezithile ezingazifundela zona kanye nezinye izincwadi (ezinolimi kanye nesimo sendaba okujulile) ongazifundela zona.



- ★ Stories about difficult things in children's lives – like the arrival of a baby, illness, divorce or friendship challenges – can help them process their feelings and face their fears.



- ★ Information books are not just for older children. Factual books help children to learn about our world and encourage them to be curious!

- ★ Izindaba ezimayelana nezinto ezinzima ezimpilweni zezingane – ezifana nokuzalwa komntwana, isifo, ukudivosa noma izinselele eziphathelele nobungani – kungazisiza ukuthi zibuke indlela ezizizwa ngayo izinto, kanye nokuthi zibhekane nalokho ezikwesabayo.



- ★ Izincwadi ezinikeza ulwazi akuzona ezezingane ezindadlana nje kuphela. Izincwadi ezimayelana nezinto ezingamaqiniso zisiza izingane ukuthi zifunde ngomhlaba wethu futhi zizikhuthaza ukuthi zifune ukwazi kabanzi!



Find more information on reading and sharing stories with children at www.nalibali.org or www.nalibali.mobi.

Thola kabanzi mayelana nokufunda kanye nokwabelana ngezindaba nezingane ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi.

Days to celebrate in March!

This March, we want to celebrate or think about how important books, stories and poetry are in making our lives more enjoyable! Here are three days on which we can make a special effort to make our children more aware of the power of books, storytelling and poetry to grow their imaginations, vocabulary and understanding of people and the world. But remember to enjoy stories and poems every day!

Izinsuku ezibungazwayo kuNdasa!

Kule nyanga kaNdasa, sifuna ukubungaza noma ukucabanga ngokuthi izincwadi, izindaba kanye nezinkondlo kubaluleke kangakanani ekwenzeni impilo yethu ithokozeleke kakhudlwana! Nazi izinsuku ezintathu ezikhethekile lapho singenza khona imizamo ekhethekile ukwenza izingane zethu zazi kabanzi ngamandla ezincwadi, ukuxoxa izindaba kanye nezinkondlo ukukhulisa imicabango yazo, ulwazimagama kanye nokuqondisisa abantu kanye nomhlaba. Kodwa-ke khumbula ukuthokozela izindaba nezinkondlo nsuku zonke!

World Book Day

4 March 2021

On World Book Day we celebrate books by reading them, doing activities related to our favourite parts of a book and dressing up as characters from books. It's also a day to share books, swap books, donate books and make our own books!

USuku Lomhlaba Lwezincwadi

Mhla zizi-4 kuNdasa wezi-2021

NgoSuku Lomhlaba Lwezincwadi sibungaza izincwadi ngokuthi sizifunde, senze imisebenzi ehlobene nezingxenye esizithandayo zencwadi futhi sigqoke njengabalingiswa abatholakala ezincwadini. Kuphinde kube wusuku lokwabelana ngezincwadi, ukushintshisana ngezincwadi, ukunikela ngezincwadi kanye nokuzenzela izincwadi zethu!

World Storytelling Day

20 March 2021

Storytelling is an important part of children's and adults' lives. Adults love telling stories, and children love hearing stories! Stories are used to pass on the history and traditions of families and communities. On World Storytelling Day, people tell and listen to stories in as many languages as they can.

Usuku Lokuxoxa Izindaba Lomhlaba

Mhla zingama-20 kuNdasa wezi-2021

Ukuxoxa izindaba kuyingxenye ebalulekile yempilo yezingane kanye neyabadala. Abadala bayakuthanda ukuxoxa izindaba, kanti izingane ziyakuthanda ukulalela izindaba! Izindaba zisetshenziswa ukwedlulisela kwabanye umlando kanye namasiko emindeneni nemiphakathi. NgoSuku Lomhlaba Lokuxoxa Izindaba, abantu baxoxa futhi balalele izindaba ngezilimi eziningi ngangokusemandleni abo.

World Poetry Day

21 March 2021

Poems help us write down our deepest thoughts and feelings. They use rhythm, rhyme, sounds and words to help us think about things in a different way. Poems can make us feel happy or sad. It can be like a song which tells a story in a few words.

USuku Lomhlaba Lwezinkondlo


Mhla zingama-21 kuNdasa wezi-2021

Izinkondlo zisisiza ukuthi sibhale phansi imicabango kanye nemizwa yethu okujulile. Zisebenzisa isigqi, imvumelwano, imisindo kanye namagama ukusiza ukuthi sicabange ngezinto ngendlela ehlukile. Izinkondlo zingakwazi ukusenza sizizwe sijabule noma sidangele. Zingaba njengengoma yona exoxa indaba ngamazwi ambalwa.



Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.



Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina


1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Drive your imagination

The following day Daisy climbed to the top of the chicken coop and – flap, flap, flap – she flapped her wings. She flew into the air and flapped her wings ... and flapped her wings and ...

Ngosuku olulandelayo uDaisy wagibela phezu kwehloko lezinkukhu wase – bhaku, bhaku, bhaku – eshaya amaphiko akhe. Wandizela emoyeni wase eshaya amaphiko akhe ... wase eshaya amaphiko akhe wase eshaya amaphiko akhe wase ...



Lots more free books at bookdash.org

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi




UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi




Drive your
imagination

Amazing Daisy!
uDaisy oyisimanga!




Nozizwe Herero
Siya Masuku
Leona Ingram

“Angeke ngikwazi ukundiza!” kukhala uDaisy
kuMama. “Ziqinisile ezinye izinkukhu. Azifuni
“Daisy, uhlukile kwezinye izinkukhu. Azifuni
ukundiza, kodwa wena uyafuna! Ungakwazi,
kusho uMama.



“I’m never going to fly!” Daisy cried to Mama.
“The others are right.”
“Daisy, you are different from the other chickens.
They don’t want to fly, but you do! You can do it.”
Mama said.

Once upon a time on a little farm near a little village,
there lived a little chicken called Daisy.



Kwesukasukela, epulazini elincane eliseduze nasemzini
omncane, kwakuhlala khona ichwane lenkukhu
elibizwa ngoDaisy.




The other chickens laughed out loud. “Ha, ha, ha!
We told you! Chickens can’t fly!”
Ezinye izinkukhu zahleka kakuhlu. “Ha, ha, ha!
Sikutshelile! Izinkukhu azikwazi ukundiza!”



And the other chickens wanted to be just like her.
They said, “Oh Daisy, you’re amazing!”

Kanti ezinye izinkukhu zazifuna ukuba njengaye.
Zathi, “O Daisy, uyisimanga!”





COLLABORATE

COMMUNITY PROJECTS

Learning: it's a key was created as part of the Dithakga tša Gobala project (2017). The aim of the project was to create wordless picture books based on stories sourced from parents and children in the Mamelodi community in Pretoria, South Africa. Wordless picture books allow readers to use the illustrations to create a story in a language of their choice. In this way, the project hopes to foster a love of books, reading and storytelling regardless of literacy levels, language preference and age.

www.collaboratecommunityprojects.org

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi







Drive your
imagination


Learning: it's a key


Ukufunda: kuyisihluthulelo

Augustine Maibela • Mpho Maibela
• Lorraine Scheepers










But the next day Daisy climbed even higher, right up to the top of the rondavel. Flap, flap, flap – Daisy flapped her wings.

Kodwa ngosuku olulandelayo uDaisy waphinde wenyukela phezulu, wafika esicongweni sendlu. Bhaku, bhaku, bhaku – uDaisy eshaya amaphiko akhe.



She would lift off the ground, but fall down again.

Wayesuka phansi, kodwa aphinde awe futhi.



So ... Flap, flap, flap – every day Daisy would flap her wings.

Ngakho-ke ... bhaku, bhaku, bhaku – uDaisy wayeshaya amaphiko akhe nsuku zonke.



“When I grow up, I want to fly high into the sky,” Daisy said.

“Lapho sengikhulile, ngifuna ukundiza ngiye phezulu esibhakabhakeni,” kusho uDaisy.



But all the other chickens laughed at her.

“You are so weird,” they said. “We won’t play with you anymore.”



Kodwa zonke ezinye izinkukhu zamhleka.

“Uyabheda nje,” kusho zona.

“Angeke sisaphinde sidlale nawe.”




While she practised, she imagined herself flying high into the sky and looking at the chickens below. She imagined herself flying past the sparrows and past the swallows.

“Wow!” the birds would say. “A chicken that can fly!”

Ngenkathi ezilolonga, wayezibona ngamchlo engqondo endizela phezulu esibhakabhakeni, ebuka izinkukhu le phansi. Wayezibona ngamchlo engqondo endiza edlula ondunkulu nezinkonjane. “Suka lapha!” kusho ezinye izinyoni. “Inkukhu ekwazi ukundiza!”

“Daisy, we can all flap our wings, but it’s very difficult for chickens to fly,” Mama told her.

“We Daisy, sonke siyakwazi ukushaya amaphiko kodwa kunzima kakhulu ukuthi izinkukhu zingandiza,” kusho uMama kuye.



Daisy wouldn’t give up. Every day she practised by herself, flapping her wings. Flap, flap, flap – she would flap her wings, but she couldn’t get off the ground.

Wayengafuni ukuyeka uDaisy. Nsuku zonke wayezilolonga yedwa, eshaya amaphiko akhe. Bhaku, bhaku, bhaku – eshaya amaphiko akhe, kodwa wayengakwazi ukusuka phansi.



She flew into the air and flapped her wings ... and flapped her wings ... and flapped her wings ...

Wandizela emoyeni wase eshaya amaphiko akhe ... wase eshaya amaphiko akhe ...



... she kept flying! The wind beneath her wings grew stronger and stronger and she flew higher and higher!

The sparrows and the swallows said, “Amazing! A flying chicken!”

... eqhubeka nokundiza. Umoya ongaphansi kwamaphiko akhe waya ngokuba namandla, nokuba namandla futhi wase endiza eya phezulu, waphinde waya phezulu futhi!

Ondlunkulu nezinkonjane zathi, “Kuyisimangaliso lokhu! Inkukhu endizayo!”

Get story active!

Here are some activities for you to try. They are based on all the stories in this edition of the Na'ibali Supplement: *Amazing Daisy!* (pages 5, 6, 11 and 12), *Learning: it's a key* (pages 7 to 10) and *Snails have feelings too!* (page 14).

Amazing Daisy!

- ★ Pretend that you are Daisy. Try to think of a reason why Daisy kept trying to fly high, even when she wasn't yet able to. Write down your reason.
- ★ In the beginning, the other chickens said Daisy was weird to want to fly high into the sky. Together write down something you would like to ask or say to the other chickens in the story, to Mama and to Daisy.
- ★ What would you really like to be or do when you grow up? Draw a picture like the one on page 5 of the story, to show how you are now and how you want to be as an adult doing or being what you really like.



Yenza indaba ihlabe umxhwele!


Nayi eminye imisebenzi eqondiswe kuwe ukuthi uyizame. Isuselwe kuzo zonke izindaba ezikulolu shicilelo lweSithasiselo sikaNa'ibali: *UDaisy oyisimanga!* (amakhasi 5, 6, 11 nele-12), *Ukufunda: kuyisihluthulelo* (ikhasi lesi-7 kuya kwele-10) kanye nethi *Iminenke nayo inemizwa!* (ikhasi le-15).

UDaisy oyisimanga!

- ★ Yenza sengathi unguDaisy. Zama ukucabanga isizathu sokuthi kungani uDaisy eqhubeka ezama ukundizela phezulu ngisho engakakwazi ukwenza lokho. Bhala phansi isizathu sakho.
- ★ Ekuqaleni ezinye izinkukhu zathi uDaisy wayesangene nje ngokuthi afune ukundizela phezulu esibhakabhakeni. Nindawonye bhalani phansi izinto enithanda ukuzibuza noma ukuzisho kwezinye izinkukhu endabeni, kuMama nakuDaisy.
- ★ Yini ngempela ongathanda ukuba yiyo noma ukuyenza uma usukhulile? Dweba isithombe esifana naleso esisekhasini lesi-5 lendaba, ukukhombisa ukuthi unjani njengamanje nokuthi ufuna ukuba njani njengomuntu omdala noma usuyilokhu okuthandayo ngempela.

Learning: it's a key

- ★ Put the pictures below in the correct order.



- ★ Look at the pictures and make up your own story about what is happening. How many languages can you use to tell your story?

Ukufunda: kuyisihluthulelo

- ★ Beka izithombe ezingezansi ngokulandelana okufanele.

- ★ Bheka izithombe bese wenza eyakho indaba ngalokho okwenzekayo. Zingaki izilimi okwazi ukuzisebenzisa ukuxoxa indaba yakho?

Snails have feelings too!

- ★ Draw your favourite animal. Under your drawing, write a note about why you like this animal.
- ★ Imagine that a cat and a dog will be interviewed on the news. The reporter wants to know why cats and dogs don't like each other. What questions do you think the news reporter should ask? What answers do you think the cat and dog will give? Act out the interview with some friends.



Iminenke nayo inemizwa!

- ★ Dweba isilwane sakho osithanda kakhulu. Bhala okuphawulayo ngokuthi kungani usithanda lesi silwane ngaphansi komdweba wakho.
- ★ Ake ucabange nje ukuthi ikati nenja kuzoba nenhlolokhono ngokubuzwa ezindabeni. Intatheli ifuna ukwazi ukuthi kungani ikati nenja kungezwani. Yimiphi imibuzo ocabanga ukuthi intatheli izoyibuza? Yiziphi izimpendulo ocabanga ukuthi ikati nenja kuzozinikeza? Lingisani inhlolokhono nabanye babangani.



Drive your
imagination



Snails have feelings too!

By Lori-Ann Preston ■ Illustrations by Chantelle and Burgen Thorne



The snails who lived in Mrs Mondliwa's garden were very unhappy.

"I'VE HAD IT!" grumbled Slimy Snail.

"Me too," agreed Speedy, his best friend. "Why can't we snails be liked more by the other garden bugs?"

"I'm fed up with all of this bad treatment," continued Slimy.

"Yeah, what's wrong with us?" asked Speedy.

"I have an idea. Let's get all the snails together and complain to the other bugs," suggested Slimy.

"That's a great idea," agreed Speedy. "We'll tell them that they have to like us more."

The next day, Speedy and Slimy and all the other snails met under the thorn bush to chat to the other garden bugs.

"We snails want to be shown some respect," said Speedy. "We also want all of you to like us more."

"NO WAY!" shouted Butterfly. "Snails are awful."

"YES!" agreed Bee. "Snails must buzz off."

"You're a nuisance," added Caterpillar.

"But what have we ever done wrong?" asked Slimy.

"WHAT! Just look at this bruise on my leg," began Grasshopper. "Do you know how I got it? From snails! You snails slither your slime all over the place causing us to slip and hurt ourselves. Do you have any idea how slippery that stuff is?"

"We're so small, we get stuck in your slime," added Queen Ant.

"Oh dear!" said the snails surprised. "We had no idea."

"And that's not all," Caterpillar said. "Do you know what traffic jams you cause? You snails are sooooo slow."

"And *that's* not all," added Butterfly. "Could you please stop eating all the flowers? You are destroying our beautiful garden."

The snails felt awful. They had no idea they were causing so many problems. The little snails felt so bad that they began to cry.



"There must be something good about snails?" Slimy pleaded.

The other bugs were silent. They thought and thought about what might be good about snails.

Eventually, Butterfly said, "NOPE! Sorry, but you snails are just awful. There is not one good thing about you!"

"In fact, we think all the snails should leave the garden. The rest of us have had enough!" added Worm, even though he was quite slimy himself.

"SNAILS OUT! SNAILS OUT!" the bugs began to chant.

"Wait, wait," said Slimy. "Give us a chance."

"Yes," said Speedy. "Give us a chance and we'll prove that snails can do some good."

The bugs thought for a moment. "Very well then," they agreed. "You have two days to prove to us that you are useful, or else, goodbye!"

After the bugs had gone back to their parts of the garden, the snails sat and thought and thought.

"How about we learn to run?" suggested Speedy.

"Great idea," agreed Slimy. "Come on, snails, let's get fit!" The snails spent the whole day training, but unfortunately, they found running impossible.

"Oh no!" said the oldest snail. "Now what? We have to come up with an idea that will make the other bugs like us."

"I've got it!" said Slimy. "Let's try eating weeds instead of flowers."

"Okay, why not?" agreed the others. So, the snails tried to eat only the weeds in the garden.

"Oh no, this is not going to work. Weeds taste TERRIBLE!" said Speedy after a little while.



The snails felt very sad. Some even started to pack up their homes to leave.

"Hey, I've got an idea," giggled Simphiwe, the youngest snail. "I need you all to meet me at the top of the anthill."

"Are you crazy? It'll take us all day to climb up there," said Slimy.

"Trust me," said Simphiwe.

Two days passed and the snails finally made it to the top of the anthill. The other bugs gathered at the foot of the anthill to see what the snails were up to.

"So, what's your great idea?" they demanded.

"Well, um ..." said Simphiwe.

"Yes?" said the other bugs.

"You'll definitely let us stay when you see what we've made," said Simphiwe.

The other bugs stood completely still, their eyes glued to Simphiwe.

"Ta-da," said Simphiwe moving towards the slope of the anthill. "We've made you the most wonderful SLIPPERY SLIDE from all of our snail slime!"

There was a long pause as the bugs all thought about this idea.

"COOOOOL!" they agreed. "Let's try it out."

And they did. The bugs all took it in turn to slide down the gooey slippery slide. It was loads of fun. Everyone loved the slide and so it was decided that the snails could definitely stay in the garden!



Drive your
imagination



Iminenke nayo inemizwa!

Ibhalwe nguLori-Ann Preston ■ Imidwebo nguChantelle noBürgen Thorne

Ikhona
lezindaba

Iminenke eyayihlala esivandeni sikaNkk Mondliwa yayingajabule neze neze.

"SENGICIKEKILE!" kuvungama uMnenke uSlimy.

"Nami futhi," kuvuma uSpeedy umngani wakhe omkhulu. "Kungani thina minenke singathandwa kakhulu ngezinye izilwane zasivandeni?"

"Sengikhathele yikho konke lokhu kuphathwa kabi," kuqhuba uSlimy.

"Yehheni, yini kodwa engahambi kahle ngathi?" kubuza uSpeedy.

"Nginomcabango othile, masihlanganise ndawonye yonke iminenke bese sikhononda kwezinye izilwanyana," kuphakamisa uSlimy.

"Wumqondo omuhle lowo," kuvuma uSpeedy. "Sizozitshela ukuthi kufanele zisithande kakhudlwana kunalokhu."

Ngosuku olulandelayo, uSpeedy noSlimy kanye neminye iminenke yahlalanga ngaphansi kwesihlahla esinameva ukuze ixoxe nezinye izilwanyana zasivandeni.

"Thina minenke sifuna ukukhonjiswa inhlonipho efanele," kwasho uSpeedy. "Futhi sifuna ukuthi nonke nisithande kakhudlwana kunalokhu."

"NGEKE BO!" kumemeza uVemvane. "Iminenke iyenyaneyeka."

"YEBO!" kuvuma uNyosi. "Iminenke kumele isuke lapha."

"Niyisinengiso," kwengeza uCimbi.

"Kodwa yini esake sayenza kabi?" kubuza uSlimy.

"INI! Ake ubheke lo mhuzuko emlenzeni wami," kuqala uNtethe. "Uyazi ukuthi ngawuthola kanjani? Ngenxa yeminenke! Nina minenke nigcoba le minciminci yenu yonke le ndawo nibange ukuthi sishelele bese siyalimala. Niyazi nje ukuthi le nto yenu ishelela kanjani?"

"Thina sibancane kakhulu, sibhajwa kule minciminci yenu," kwengeza uNdlovukazi Ntuthwane.

"Nkosi yami!" kwasho yonke iminenke imangele. "Besingakwazi lokho."

"Futhi akupheleli lapho," kwasho uCimbi. "Ingabe niyazi ukuthi nibanga isiminyaminyama esinjani? Nina minenke nihamba nancane kabi."

"Futhi lokho akuphelele," kwengeza uVemvane. "Ningeyeke kodwa ukudla zonke izimbali? Nibulala isivande sethu esihle."

Iminenke yaphatheka kabi. Yayingazi ukuthi idala izinkinga eziningi kangaka. Iminenke emincane yaphatheka kabi yaze yaqala ukukhala.



"Kufanele ngabe kukhona kodwa okuhle ngeminenke?" kuphakamisa uSlimy.

Zonke ezinye izilwanyana zathula du. Zacabanga, zicabanga ngokungahle kube kuhle mayelana neminenke.

Ekugcineni, uVemvane wathi, "LUTHO! Phephisani, kodwa nina minenke nibabi nje kwaphela. Akukho nto neyodwa enhle ngani!"

"Eqinisweni, sicabanga ukuthi yonke iminenke kufanele ihambe esivandeni. Sonke sesanele ngani!" kwengeza uCimbi, nakuba naye wayeyiminciminci.

"IMINENKE MAYIPHUME! IMINENKE MAYIPHUME!" izilwanyana ziqala ukuhaya.

"Yimani, yimani," kusho uSlimy. "Sinikezeni ithutshana."

"Yebo," kwasho uSpeedy. "Sinikezeni ithuba, sizokhombisa ukuthi iminenke ingakwazi ukwenza okuhle."

Izilwanyana zacabanga okwesikhashana. "Kulungile-ke," zisho zivuma. "Ninezinsuku ezimbili ukusikhombisa ukuthi ninosizo, ngaphandle kwalokho, nihambe kahle!"

Ngemuva kokuthi izilwanyana sezibuyele ezingxenyeni zazo zesivande, iminenke yahlala yacabanga, yacabanga.

"Kunganjani uma sifunda ukugijima?" kuphakamisa uSpeedy.

"Wumqondo omuhle," kuvuma uSlimy. "Wozani minenke, masiqinise imizimba!"

Iminenke yachitha usuku lonke izilolonga. Kodwa-ke ngeshwa yakuthola ukugijima kuyinto engeke yenzeke.

"Aww cha!" kwasho umnenke omdala kunayo yonke. "Manje-ke? Kufanele siqhamuke necebo elizokwenza ezinye izilwanyana zisithande."

"Sengilitholile!" kwasho uSlimy. "Masizame ukudla ukhula esikhundleni sezimbali."

"Kulungile, singekwenze ngani lokho?" kuvuma eminye. Ngakho, iminenke yazama ukudla ukhula kuphela esivandeni.

"Hhayi cha, lokhu ngeke kulunge. Ukhula lunambitheka KABI BO!" kwasho uSpeedy ngemuva kwesikhashana.



Iminenke yazizwa idangele kakhulu. Eminye yayo yavele yaqalela ukuqoqa emakhaya ayo ukuze ihambe.

"Hhayi bo, kukhona engikucabangayo," kugigitheka uSimphiwe, umnenke owawumncane kunayo yonke.

"Ngidinga ukuthi nonke nihlangane nami phezu kwesiduli somuhlwa."

"Uyahlanga yini wena? Kuzosithatha usuku lonke ukugibela lapho," kwasho uSlimy.

"Ngethembeni," kwasho uSimphiwe.

Kwedlula izinsuku ezimbili iminenke yagcina ifikile phezu kwesiduli. Ezinye izilwanyana zahlalanga ekuqaleni kwesiduli ukuze zibone ukuthi iminenke yenzani.

"Pho, yiliphi leli su lakho elihle?" zibuza ngenkani.

"E, mm ..." kwasho uSimphiwe.

"Yebo?" kwasho ezinye izilwane.

"Nizosivumela noma kanjani ukuthi sihlale uma senibona lokho esikwenzile," kumemezela uSimphiwe.

Ezinye izilwanyana zahlala zathula du, amehlo azo enamathele kuSimphiwe.

"Nakho-ke," kwasho uSimphiwe ehamba eya endaweni eyehlelayo yesiduli.

"Sinenzele UMSHININIZO oyisimanga owedlula yonke sisebenzisa yonke iminciminci yethu thina minenke!"

Kwake kwamiwa isikhathi eside ngenkathi zonke izilwanyana zicabanga ngaleli su.

"K-U-HL-E-KE!" zasho ngokuvuma. "Make sikuzame lokhu."

Nempela zakwenza lokho. Zonke izilwanyana zadedelana ngokushibika zisuka phezulu emshininizweni oshelelayo. Kwase kumnandi kusho. Zonke izilwanyana zazizifela ngomshininizo ngakho kwanqunywa ukuthi noma kanjani iminenke izoqhubeka ihlale esivandeni!



Nal'ibali fun
Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

1. Do you know the names of all 11 official languages in South Africa? Unjumble the letters below and then write down the name of each language.



Ingabe uyazazi zonke izilimi eziyi-11 ezisemthethweni eNingizimu Afrika? Hlela kahle izinhlamvu ezingezansi bese ubhala igama lolimi ngalunye emgqeni ophakathi nendawo.

TVSEHAIND
STSAEWAN
IWSIAST
FARSIKAAN
HISIXAOS
PSEIED
BISINEDLEE
NIGHESL
OSTSOHE
TXISGNOA
UZSIILU

ESNIVIDA
SIAWNTISA
SIWIATIS
HUBSIUNI
SOHISXIA
DISPIEI
SNIEBIEUDE
SISNIGII
HUISITSU
NIGOSTISA
UZILUS

2. The word in each speech bubble means "Hello" in a different language. Write the name of the language on the line in the speech bubble. (There are some languages that use the same word to say "Hello". Write the names of all the languages that use that word inside the bubble.)



Igama elisebhamuzeni lenkulumo ngalinye lichaza ukuthi "Sawubona" ngolunye ulimi. Bhala igama lolimi emgqeni osebhamuzeni lenkulumo. (Kukhona ezinye izilimi ezisebenzisa igama elifanayo ukuthi "Sawubona". Bhala amagama azo zonke izilimi ezisebenzisa lelo gama phakathi ebhamuzeni.)

Lotjhani!

Dumela!

Molo!

Hallo!

Hello!

Sawubona!

Avuxeni!

Ndaa!/Aa!

Answers: 1. Tshivenda, Setswana, Siswati, Afrikaans, Isixhosa, Sepedi, Isindebele, English, Xitsonga, Isizulu; 2. Lotjhani! – Isindebele; Molo! – Isixhosa; Hello! – Afrikaans; Dumela! – Sepedi, Sesotho and Setswana; Sawubona! – Siswati and Isizulu; Hello! – English; Avuxeni! – Xitsonga; Ndaa!/Aa! – Tshivenda.
 izimpendulo: 1. Isivenda, IsiSwana, IsiSwati, Isibhunu, Isixhosa, Isipedi, Isindebele, IsinGisi, Isisuthu, IsiTsonga, Isizulu; 2. Lotjhani! – Isindebele, Molo – Isixhosa, Hallo – Isibhunu, Dumela – Isipedi, Isisuthu kanye neSiTswana, Sawubona – Isiswati neSiZulu, Hello – IsinGisi, Avuxeni – IsiTsonga, Ndaa!/Aa! – Isivenda



Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us in any of these ways:
UNal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. Sithinte noma kungeyiphi yalezi zindlela:

www.nalibali.org www.nalibali.mobi nalibaliSA @nalibaliSA @nalibaliSA info@nalibali.org

Produced by The Nal'ibali Trust. Translation by Dumisani Sibiya. Nal'ibali character illustrations by Rico.

RISING SUN

PROTEA

RECORD

UMLAZI
EYETHU

Bonus

LENTSWE
THE VOICE OF MATLORANA

RIDGE TIMES



Drive your
imagination

